Abantu

UKUHLALULA UHLANGA.

O! Kwabo insumansumane nje. Kwabe lapaya kwaZulu kungaziwa lute. Kute umkatini omubi njalo kwezwakala kwe nas'esiLungwini ukuti, kanti uCetshwayo uyazingela nje, inkosi siyazi leyo'nd. Kanti naye umNtwana ute uba bone impi yasesiLungwini isigqibelene, waqala kaloku ukulungisa eyake. Kwadi ukugcina kwaba isibhelo nje. Kwa Zulu bati kwaku indhlala yenqina leyo uMbete wakwa Ngcobo eti unisa imvula, wahluleka.

Hai-ke kwabuya kwadhiula konke loko, kwahlaliwa nje kwabuswa njenga kuqala. Kulambe kwalamba, inkosi is'igugile kaloku, umbuso us'uqine lapaya Emangweni nas'Ordini olubomvana, enzansi lapaya lapo kwakwake kona imizi yomNtwana, lapa kwasekutshisa kona. Kwati ngolunye usuku uSutu lwenza ihlazo elikolu elisabekayo, ngenxa yeko lo kukolwa kwabantu ukuti uNomantshali, unina kaMtongu, inkosikazi eyabe is'ihlala nenkosi, unemiti uyatakata; nangoke umNtwana etuma uBhejana ka Nomageje wakwa Cebekulu, induna ukuba nyekubulala uNomantshali kwa Nodwengu. Ngaloko wayihlomisa e umfo wakwa Cebekulu yaya yafinyelela kwomkulu kwa Nodwengu kwa Sikumba simuka-nempisi. Yat'uba ifik kona yambiza uNomantshali'yati kupume; kepa inkosi yanqaba naye; kwati ngokwala naye, impi yangena ngapakati esigodhlweni, yangena endhlini ehlezi inkosi, yambamba ngezandhla npi; kepa inkosi yunqaba ukundela, is mbambile nayo. Uzwani ke! Kwaba umshikatshika nje; yaze yati inkosi mva kwesikati, uka ibone ukuti aisen kusiza luto, yat kubo, "Pumani ke lapa endhlini, sengiyakuninikela yena." Nembala bapuma-ke endhlini; bat besati bayapuma basebeqela ngalapaya kwendhlu, batabata imfe yenkosi eyabe itekiwe, bapumela nayo pandhle bayidlula. Nembala-ke inkosi yahlala isikatshana nje nenkosikazi, izikalela yase iyikipa njalo. Wapuma qede uNomantshali bahamba naye baya kumbulala, engenze luto noluncane, ukupela ngenxa yokuba etandwa yinkosi es'ebizwa ngomtakati-ebizwa ngamanye amakosikazi nabantabawo bemtuka, wabulawa, wabulawelwa amanga.

Yiloko ke okwenza ukuba inkosi iqalekise uCetshwayo kanye nezwe nabantu bayo, yati: "O! Ningenze nje nina oningabantu bami! O! Naye uCetshwayo kayikulibasa leli. Kungati ungatabata isikumba esikulu, ubasibekele bonke ngaso. O! Bwoka bazibone izigqoza ezi,ziputa! Noma bengenze nje nje kabasim luto, ngifung'uTshaka, kabayikubusa nabo." Angitsho ukuti ukona noyedwa umuntu ongababaza lapa ezwa leso'siqalekiso senkosi, inxa ezwa le'mikuba emibi kangaka yamanyala eyabe yenziwa enkosini. Akubanga kusaba sikati csingakanani emva kwaloko, kwati nje ngonyaka 1872 yaqeduka inkosi yapuma-ke kuloko'kuhlupeka eyabe is'ihlutshwa yinzalo nabantu bayo, eseweni layo esenizwile nonke ukuti yalihlabanela kangakaya!

INHLOKO XII.

Yat'uba itshone inkosi kwavela umsebenzi omkulu, indun'enkuiu yezwe uMasipula ka Mamba waqala ukubulala nabantu oku anele ukuba bagoduke nenkosi, ukuze bayipekele pambili lapa is'iya kona; kodwa engaka'bulali bangaki wakuzwa loko uCetshwayo, wab'es'etunela eti makuyotshelwa uMasipula nyeke ukubulala abantu, ngoba "inx sebeqediwa bonke njena, po tina sesiyausala sibuse nabapi?" Walamula impela lapo uNdhlamvuzo. Ngalelo'zwi lika Cetshwayo, kambe basinda abantu ekubulaweni yilesi'silwane sakwa Ntshangase, esasibulala abantu singancengi nokuba ngubani, njengokuba lo'muntu onesibindi esesabekayo, wabe ebulala nje bonke labo atanda ukubabulala, njengokuba wabulala ngolunye usuku indodana yake uZiyankome wambulalela ukuti yini ukuba angahlonipi ukufohla isigodhlo senkosi aye emdhlunkulwini na?

Kute ubs kudhlule loko kwasekutunyelwa lap emGu'ndhlovu kuzakubikwa, okoba e sekunxuswa kuHulumeni njalo ukuba azomisa inkosi. Nembala ke kwatunyelwa uSomtseu kaSonzica, wapelezelwa ngamahuto agibele amahashi ayidh nzana, ahamba aya afinyelela kona k raNodwengu. Wabekwa-ke uCetshwayo sekubutene uZulu wonke. Loko kubiz ya kwabelungu ukuza kubeka inkosi, kayanga ngoba abakwaZulu bengenawo amandhla okuzibekela inkosi yabo, k lwa kwaya'ngoba kwakusiloku kukona njalo umoya pakati kwabantu wo uti uMbuyazwe usekona kafanga, ufihlwe ngabelungu; kwabe kwenzelwa ukuba kudele abantu bonke inxa seb bona abelungu bezomisa uCetshwayo esikundhleni sikayise. Ngoba kwakunguye yedwa uCetshwayo owabe eqonda ukuti uMbuyazwe wafa, wabulawa yimpi eyabe ivela ngezansi, eyabe ingako empini enkulu yoSutu eyailwa neGqoza; ngoba wabeletsho njalo kulan ababeloku bezindhla ngokuti kafan a, eti: "Kanti sonke sokufaqele sibuy isivuke tina bakwaNpande, inxa uMbuyazwe engafanga." Etsho ngoba bambikela labo abambulala, kwatsho yena nokuti mabayekumkweza.

Wat'uba ammise-ke wagoduka uSomtseu nanabuto ake wapindela emGu'ndhlovu. Wasala wabusa-ke uMahlamvu uGaqa libomvu laoBatonyile, Umzila'kudhla kwamagwala, amagwala adhl'ubudende uJininindi omnyama onga'bubende bengonyama; Umsindo wakwaNtiningo ubangwe yini? Ubangwe ngabakwaKinya nabase'Ntengweni, baxokozelela indhlondhlo; Ndhlondhlo i lena engabhul'amapiko; zonke izind hlondalo ziyawabhula amapiko; Inyati e'mpondo zimakenkenene; Bavivimbele ngamaklwa emHlatuze, bati aiyikuvela: ite is'iwela yais'iwela ngamakanda'amacala.

Tambekesa wena waliwayo, tambeke-ka wewus iNtambanana; mhla umfazi wakwa Ngangaza eyakulal'esibayeni njengamatye, kazi amatole azolalapi; Igwalagwala lika Ndaba elibhej'Entumeni kwaze kwaye kwabhej'ulwandhle; Yapela in hobho yamaPolisa, yapuk'ubumolomolo; yapulwa ijah'elidala; oblukudise amadod'amadala engasakwaz'ukub nakuda.

UBOSHE ONELELA ISISU SAKO.

Uma u e nguliswe ukudhla esiswini ungakawa limgi ama Chamberlain's Tablets a ausiloneli neze isisu sako. Kungeti ngoba sekwahluleka eminye imiti bese azi kufanele u ale itemba. Lawamapi si empa iziguli esezahlulele odoteta. Atengiswa yibo onke abatengisi bezitoko nabemiti.

Isifundo Sesikole Seso. nto.

Isifundo Sesibili April 9, 1916.

U Eneas no Dorkas. Acts 9:31-43.

Isitatelo, Titus 2:7.

1. UKUPUMULA KWAMABANDHLA EKUXOBISWENI.

Ukupumula okukulunywa ngako eversini lamashumi amatatu nanye, kakubanga ngokupenduka kuka Paul kupela, kwaya ngesinye isizatu esikulu. Ngalesosikati umuntu omubi kakulu ogama lake lingu Kaligula, waye busa eRoma. Wayefuna ukuba adunyiswe sengati unguNkulunkulu wenza icebo lokuba kumiswe isitombe esikulu sake eTempeleni eJerusalema, kona endaweni engewelengewele. AbaJuda bati baqome ukufa kunoma bavume ukuba enze loko; kwaba kona umsindo omkulu ngalendaba, bapisheka kangaka beyivimbela ukuba ababanga nasikati sokuxobisa ama Kristu. Lenkosi embi ya getshengwa ngelinye iRoma; kanti emva kwaloko kwabuye kwavuka ukuxobisa ama Kristu.

2. UKUPILISWA KUKA ENEAS. vs. 32—35.

Ngesikati lesi sokupumula uPita waya ezindaweni eziningi ehambela ama-Bandhla. Emzini wase Lydda wafumana umuntu owa ekade egula iminyaka e8 efe uhlangoti. Sibona ukukolwa okukulu kuka Pita emandhleni nasekuvumeni kuka Kristu ukumsindisa, akangabazanga neze, wasimzewati, "Eneas, uJesu Kristu uyakupilisa;" wati kasuke endhlale umbede wake Loku wakwenzela ukuhlola ukukolwa kwake nokamkombisa ukuba usepiliswe ngempela, futi wayekumbula ukuti naye uJesu wayesho njalo kwawaye bapilisa; (Luke 5:24; Jno. 5:8). Imibhede yabantu bakona ababelala kuyo yaingomatilasi abendhluwavo babekwe emini.

3. UKUVUSWA KUKA DORKAS. vs. 36-42.

I Jopa lali umuzi osogwini lwolwandhle iMediterranean. Manje sekutiwa kuse Jafa, yiwona iteku lase Palestine njengoba iDurban liyiteku laseNatal. Manje sesingase siuke eJafa siyo sifike eJerusalema ngesitimela, ibanga eliu 35 miles.

Kwakuhlala owesifazana olungileyo eJoppa, ogama lake lingu Dorkas ngesi Greki, ngesiHeberu lingu Tabita. Wabetandeka kakulu ngoba wayenza imisebenzi eminingi emihle ehlala esiza abasweleyo. Ekufeni kwake abaningi bamkalela kakulu, batuma izigijimi eLydda ukubiza uPita.

Kwakulibanga lokuhamba amahora amatatu nje, ngakoke uPita washesha wafika base bemyisa elawini elinesidumbu.

UPita wayekona mzukwana uJesu ovusa intombazana ka Jairo (Luke 8:51-56). Wakumbula okwenziwa ngu Jesu mzukwana kwaloko, nayeke lapa elingisa yena wabakipa bonke ababekala endhlini wati, "Tabita vuka," wavuka wahlala. Kodwa ikona into uPita ayenzayo, uJesu angayenzanga; engakakulumi kuye waguqa wakuleka. Palani umahluko. UJesu wabavusa abafileyo ngawake amandhla ngoba wayeyi Ndodana ka Nkulunkulu. UPita wayeogenawo lawomandhla angangalawo; wayengumuntu nje iNkosi eyasebenza ngaye ukuvusa uDorkas. Sifunda ukuti abaningi bakolwa ngenxa yalezozimangaliso ezimbili ezinkulu.

Okubaangwa Ukudhla Kakulu.

Ukubonelela ekudhleni kuveza ukungahlupeki emtanjeni okuyiyona ipete esiswini, kodwa uma udhla kuze kweqe ufunyanisa uhlupo emva kwaloko. Isisu sako asilungile njengokuba usinike umsebenzi ömningi ukuba siwenze. Lungisa isisu sako kuloko kungalungi kwaso ukuze utole impilo engcono emva kokonakala kwaso ukudhla ngokungapezu kokungamelwa.

Lezizinto ezilungisa ukudhla esiswini sivela kweminye imitambo okuyiyona ilungisa igazi kahle. Lapa ke sekonakele esiswini lemitambo ke yona esebenzayo ukuleta impilo engcono. Loku ke kungenziwa ngama Pink Pills ka Dr. Williams, angalimaziyo ekufakweni kwawo, futi aleta impilo yemvelo ku. muntu. Ukungahambi kahle kwesisu nokungalungi kwamatumbú mayelana nokudhla kungaqashelwa ngokudhla ngokulinganisela nokusebenzisa ama Pink Pills ka Dr. Williams.

Bonke abatengisi bayawa tengisa lama Pills, kodwa uma ungawatoli tumela 3s. 3d. ngebhodhlela lilinye noma eyisitupa 17s. kwa Dr. Williams Medicine Co., Long Street, Cape Town.

UMUTI OJOJA UMTAKATI.

Wenziwe kuhloswe yena umtakati, ukuba umkipe kubantu. Umuti weNyongo wokuqala kweke yenziwa, uqeda yonke inkatazo yesibindi, kipa ukungcola esibindini sako.

Igabha lawo utunyelwa nge posi 1/9, amagabha amatatu 4/6.

Tumelani iPostal Orders ku Mr. A. H. TODD, Umkemesi. RED HILL, Natal.

Mr. J. Levenson, a well-known sportsman, of Prince Albert, C.P.

From a photo, after his wonderful cure by Zam-Buk.

PILES & RUNNING SORES

Cured by ZAM-BUK.

"ZAM-BUK has indeed been a friend in need to me." These were the words of Mr. Julius Levenson, a well-known sportsman, of Prince Albert, C.P., to a representative of the *Prince Albert Friend.*

"For years," Mr. Levenson proceeded, "I suffered from unsightly pimples on my face. Besides being disfiguring and painful, the places discharged a good deal, and eventually formed large running sores. My face was practically one mass of itching sores, accompanied by severe swelling and inflammation.

ALMOST LOST HOPE.

"For some time every effort to find a cure failed. I consulted several doctors, and friends continually recommended remedies, all of which seemed unavailing for my obstinate complaint.

"When someone advised me to try Zam-Buk I was not very hopeful of a cure. However, to my intense delight, I noticed marked improvement after a few applications of Zam-Buk. The inflammation gradually subsided, and the itching, burning sensation became less.

"As I kept on with Zam-Buk the sores disappeared, and my skin became as smooth and healthy as if nothing had ever been matter with it. It is well over a year since I was cured, and not once has there been the least re-appearance of the skin disease.

ZAM-BUK MY BEST FRIEND.

"I have also used Zam-Buk successfully for the itching piles from which I suffered some three years before adopting this efficacious cure. At times I was confined to bed, and racked with pain. Though I used medicines prescribed by various doctors, I got no lasting relief. It was only when I resorted to Zam-Buk that I experienced real improvement. Zam-Buk gave ease within a few minutes of its application. Before long I was completely rid of the piles. I am never without my best friend, Zam-Buk."

Be Sure You Get Zam-Buk, *because nothing else can possibly do the same good. Zam-Buk possesses real healing and medicinal power, derived from rich herbal extracts blended together by unique processes.* **Records prove** *there is nothing so good as Zam-Buk for Eczema, Ulcers, Ringworm, Piles, Poisoned Wounds, Pimples, Rashes, Cuts, Bruises, Burns, Scalds, Sprains, Rheumatism, etc.* **It is real economy** *to keep a box of Zam-Buk always handy. It is a daily need in the house and on the farm. Of all Chemists, Stores, and Medicine Vendors, at 1/6 or 3/9 a pot.*

Zam-Buk

(Ku Mhleli we "Langa")

Mngane,—Ngitanda ukubonga "Ukuhlazulula uhlanga." Kungabe kuhle kakulu ukuba kutiwa. "Nanto ibhuku litengeni." Kodwake ikakulu ngibonga lomzalwane olandisa ngokuti akubekona imiteto emiselwa abantwana (u S. M. Lutuli) njengoba ya ikona kobaba lapo sasingehambe ngokutanda. Mina ngilobanje angazi luto nolunci kupela umuntu ongikumbuza ukuhlonipa nevangeli ngiti ingubaba nomame ngoba uti "Kumbula lapo uwe kona, Isamb. 2:4-5 ulinde ubhekisise Isamb. 3:2-5 ne 3:8.

Siyazi ukuti lamazwi akulunywa emabandhleni asikombisa ukuti ukususka kwawo pansi abekolwa, kodwa emveni ingati abesehlehle nyovane. Ngisanda kufunda umculi oti, "Cikica ubhici lwako m'Afrika, ubone nanso imfundo, uyekele ukuti ungabona lapo kulotshwe kona emapepeni ubese uti, "Ishishi! sesizoyeka ukushada sitate izitembu ngoba asho njalo amapepa." Mina ngiyapika. Ukuhlazulula uhlanga akusho ukuti asitate futi kanti sashada. Kumbulani nina eniti namhla ningenza loko nitate futi. Nizolahlekelwa ivangeli nayinkanyiso. Ungeke ube umholi wabantu unesitembu nasemtetweni ungasenkosi.

Tina siyafa lapa, Mhleli. Endaweni yokukwela siyehla. Ngingelande amagidigidi. Yebo uDavida wabenaso isitembu kodwa lapa sibona ukuhlupeka kwake okukulu singesho yini ukuti kwasukela ekufiseni. Uma ungabona umuntu wesifazana kube sengati angaba owako ude ubuta izitembu ulimele. Nayeke wakwenza wakwenza okababa waze waz'enzela ujojo walahlekelwa amadodana ake nangumndhlunkulu wake.

No Solomoni wabenabafazi abangu 700 izincinza ziu 300, sebebonke 1000. Ukugcina kwake watola ubunzima ngoba abafazi bake bati kuhle amise izitombe ankele kuzo ngabantwana, bashiswe besizwa. Kwaba kuhle kuJehova loko na?

Ukutshaywa kwake kwakukabili. (1) Ukwahlukaniswa kwezizwe eziyi 12.

(2) Izita ezavuswa uJehova ukuba zimhlupe. Mbala zike zizwe izinsizwa zakiti ngokuti abaningi bafa bengakulekanga namhla ngenxa yokufisa loku naloku. Putumani imfundo, funani ingqondo bakiti. Konke kuyafundwa neBible liyelwa eKoliji nako konke kuyafundwa.

Yimina,
PUMAPI.

ABAZIYO.

Abantu abazi kahle ngamasu okuyiwonawona okususa ubuhlungu, nokwelapa ukwenyela nokulimala; sonke isikati basebenzisa umafuta obuhlungu ka Chamberlain. Bapikelela ukuti kawako afana nawo. Atengiswa yibo bonke abatengisi bemiti.

(Ku Mhleli we "Langa")

Molo Mbhemi,—Angisakwazi, nami ngisuswa ukuba ke ngikudhlele amaxoxo angapa ngakwa Gilawoti. Usakile umuzi omudala opetwe yinsasa ka Ntaba, ungahleka uzibulale uma ozwa bekudhlela ukutekula kuka yise. Bati ebandhla wayeti uma ebona ibhoxongwana lendoda lingezwa, noma elitulisa lingezwa, liti lapo liti liyakuluma, yena oka Madunjini abeselingisa ukukala kwecogo lifrnda ukukala, aze abone umuntu esebayinala yokuhlekwa, kwazise ukuti lapa eti nka ebeseumnumzane emfanisa necogo, liti likalisa kwamaqude.

Kanti igqumusha lika Goba yilona selalusa lapa—ngike ngambona yena lomlisa omkulu.

Abantu bate niki ekulimeni umoba pona benzelapi; abantu sengati nomhlabati bayawugcwelezwa yiwo; lamadoda acoshela ngasemuva ukala entanyeni. Kukona ukukala, siyezwa nje emlonyeni yabanye ukuti igama lobufundisi alisenasitunzi neze. Kumbe wena osenyangeni, ungake ungihlebele ukuti yini na? UmuMeleka, umuWesile, iNoki lamaBandhla ayakala ngokuti abefundisi bawelela ukuzokusindisa imimoya yabantu. kepa uma ubhekile nje manje, manje sengati bawelela ukuzosebenza imali nje kupela, nokwenza amabhizinisi atile. Ubufundisi lobu ababuwelelayo, sengati sekuyihau nje. Konakelepi wetu na? Nanku umsebenzi omuhle uzotuniseka-bo—.

Ngalapa pesheya koMnyundu kabaquli; basandu ukuxosha umnumzane omhlope, esake iSilaha pakati komuzi, kutiwa batukutele, bayaveva, baya qaleka, ngoba kukona umoyana osongati abefundisi bafuna ukuqashiselana ngalo kumfo ka Mnanayi, enze isitolo sake kona. Ngizwile sebenze iKomiti (Committee kwasho abeCongress). Kusekona nezalukazi, ngizoke ngikucelele amahiaya kuzo. Ngokuhlebela njalo ezimnanjana zangapa kwelakwiti. Wena wasenyangeni siyakutusa njalo, ngokukuza ubumbulu obwembetwe abantwanyana esengati ongemehlo mane azange ayibone yena incwadi. Sekufundw'enjani lencwadi ekwelisa amehlo na? Kanti amaNormala asizela nomkuhlane wamehlo na? Safake ngodade—. Sala wetu.

Imina,
NQAKAMATSHE.

AWUZ'UNGEHLULEKA.

Umuti ka Chamberlain womoya esiswini, nembo nokuhlambulula uyiloko okushiwo yigama lawo. Welapa ukuhlambulula nokweleka kubantwana nakwabadala, noma umuntu sekumpete kanjani ubuhlungu nomoya esiswini buyapela uma uke watola lomuti ingcosana. Awuz'ungehluleka. Utengiswa yibo bonke abatengisi bemiti.

Natal Native Congress

Izindaba Eziyakuxoxwa Emhlanganweni Ngo 24 April, 1916.

AGENDA

1. Impendulo Chief Native Commissioner incwadi yake C. N. C. 1325/1915, 3, Dec. 1915.
2. Ukuba lomhlangano unxuse umBuso wenze umteto wokuvikela isifazane sabantu kubelungu njengokuba sivikelwe isifazane esimhlope kubantu abansundu.
3. Ukuba umBuso umise iNative General Council.
4. Ukuba uMongameli mhlaumbe umbhali weCongress anikwe amandhla okubhalelana nama "Senators" amele abantu ePalamente ngezindaba ezibuhlungu kubantu ngokulayelwa yi Congress nokuba yi Komiti.
5. Ukuba lomhlangano ukipe amanxusa aye kubonana ne Chief Native Commissioner ne Administrator ngendaba yemfundo yabantu.
6. Ukuba abantu bavule imisebenzi nezindhlu zokudhlela nokupumula emadolopeni.
7. Ukuba umteto wotshwala babantu ka 1908 ulungiswe, uCorporation ngeine pakati kwemincele yeTown lands, abantu abatshoniswa ngalomtete babuyiselwe ukonakalelwa kwabo.
8. Ukuba onke amacala abantu okweleleswa anqunywe zi 'Magistrates' ahlolwe alungiswe ngu Attorney General.
9. Ngemiteto yamapasi.
10. Imizi yabantu emadolobheni.
11. Ngama "Hositele esifazane emadolobheni.
12. Isinyakoziso ngu Mr. Antoni Kuzwayo.

Ezebhola

(Ku Mhleli we "Langa")

Mngane.

Nginamazwana ambalwana ngi ngesiye nomuntu okatazayo njalo. Ngitanda ukwazisa ezinye izihlobo zami engetembayo ukuba ziyojabula ukuzwa ngomdhalo wetu. Besinomdhlalo webhola ngomhla ka 19 March sidhlalelana nabaseSheba. Ngingenakwelula, ukuqala kwabo babangenhla, tina ngenzansi. Lasuka pakati au kwalukuni indawo zombili. Saliqala ngo 3 o'clock kute ngo 3. 45 balifaka ngakiti. Kute ngo 4. 5 sapuza itiye saze saqala ukudhlala ngo 4. 25 sabuyela ngenhla tina ngokutshintsha. Lasuka, kute kusati isikashana salifaka, sati goli. Layiswa pakati futi. Lasuka, kute ngesikashana salifaka futi, sabuye safaka elinye futi lesitatu. Wapela umdhlalo ngo 5 o'clock, ngama 3 goals to 1, into umteto webhola abawazi. Into eyayisikalisa kwakukona namaIndians amabili.

LEWIS MAGUBANE.

Fairview
21/3/16.

Isaziso

Ngomhla ka April 20, koba kona Inhlanganiso ycnyaka (Annual Conference) yabafundisi beBandhla lase African Ethiopian Church eStanderton, Transvaal. Kwaziswa bonke abaFundisi nabaVangeli: kuhle baze bafike bonke ngomhla ka April 19, 1916, ngokuba Inhlanganiso iyakungena ngomhla ka April 20, ngesikati sika 9 ekuseni.

Imina,
J. M. LUHLONGWANA.
President,
Volksrust,
Transvaal.

Isaziso

Inhlangano yomkandhlu weNational Congress iyakuba seBloemfontein ngo 24 May, 1916. Onke amalungu eKomiti ayanxuswa ukuba aze abe kona angaputi. Izindaba eziya ucingwa ilezi:—

1. Ukuncoma kweKomiti elaketwayo ukuba lilungise imiteto yokwakiwa kwe Congress.
2. Ukukokwa kwecala lamanxusa.
3. Nezinye izindaba ezitshisayo.

J. L. DUBE uMongameli.
SELOPE THEMA uMbali.
P. O. Box 26.
VOLKSRUST.

WANTED

FEMALE Teacher to take charge of Mission School, duties to begin at once. 1st, or 2nd, Class Certificate essential. Salary £9, a quarter.

Apply to:—

REV. W. WARMINGTON.
NEWCASTLE,
NATAL.

UMAQOTULA

NIYOBONA NGE NDHLOVU KUWO ONKE AMAGABHA.

NIYOBONA NGE NDHLOVU KUWO ONKE AMAGABHA.

Umuti = = Wezilo

Hartley's Oriental Vermifuge.

Umuti Obomvu Wezilo Ezibomvu, ka Hartley.

Lomuti upambili kuyo yonke imiti yezilo ekeyatolakala. Uqeda zonke ezimhlope nezibomvu zingapindi zibekona. Umtwana osanda kuzalwa, umfanele kakulu lomuti ukuba awupuze, njengoba nabantu befanelwe ukuwusebenzisa.

Ningageji ukuba naye uHARTLEY'S ORIENTAL VERMIFUGE.

Kukona izilo abantu abangaziyo ngazo ukuba zikona kubo eziyingozi kakulu, ngoba azivami ukupuma zibonwe, impetwana enamalanda amnyama. Iyona ebanga bonke ubuhlungu nokugula, baningi abantu abafa umuhubo, kepa noko kungaqondwa ukuba bajuqwa iyo lempetwana. UMAQOTULA ke, utyaya agotule kuzona noma ingahluleka eminye imiti yena kazishiyi. Kufanele nokuba ubani, makapuze lomuti nabantabake ngoba bayotola uzizo olukulu.

INANI { LEGABHA UTUNYELWA NGEPOSI ... 1/3
AMAGABHA AMATATU ,, ... 3/6
,, AYISITUPA ,, ... 6/6

Tumelani ku Mr. A. H. Todd, Red Hill, Natal.

Umvusi Budoda Endodeni

NIYOBONA NGE BHUBESI KUWO ONKE AMAGABHA.

NIYOBONA NGE BHUBESI KUWO ONKE AMAGABHA.

NEXEGU LIZIZWA SENGATI LIYIBHUNGU!!!
UHLUMELELA AMANDHLA EMADODENI!!!

Ubangalala oluyizinhlamvu lwemitambo nomzimba wonke.

Lomuti wenziwe kuhloswe kona ukuba usize isilisa. Uyashesha ukubuyisela umuntu ebuntwini bake bemvelo, noma ubusulalala itemba ngokupelelwa amandhla uyashesha ukwenze uzizwe usunamandhla okwenza noma umupi umsebenzi wako kahle.

Akuko ndoda engaquba kahle emisebenzini yayo uma ingapelele ebuntwini bayo bemvelo.

Lezi zinhlamvu zisebenza isimanga ekubuyiseni ngokushesha, impilo amandhla, nenjabulo, uma sewaba sigoga esesakatazwa yizifo, noma ubungazigcinanga kahle empilweni, ekudhleni, uasekupuzeni lomuti uyokwenza kute sengati awuzange ungene kulezonto.

Uma nga ulinga lomuti, wulinge ngesiqolo wazi kahle ukuba unali yako ayilahleki kepa ukupa impilo entsha. Lomuti utengiswa ngama gabha. INANI NGEGABHA UTUNYELWA NGEPOSI 3/9. AMATATU 10/6. Igabha lika 3/9 linezinhlamvu ongazisebenzisa amasonto amabili. Kepa into engcono ukuba uze uqede amagabha amatatu.

ONAMANDHLA KAKULU WABANEMIZI ... ... 4/9.
AMAGABHA AMATATU ... ... 13/6.

TUMELANI IPOSTAL ORDERS KU—

Mr. A. H. TODD.

(UMENZI KA MATEKULULA)

RED HILL, Natal.